Zonke izinsuku abesifazane abazisebenzayo babhekene nesinqumo esinzima sokuthi bazobenzenjani abantwana ababanakekelayo ngesikhathi besebenza.

**Izibophezelo zonakekelo lwabantwana ziyabaphoqa ukuthi benze imisebenzi eshintshashintshayo, engalingene, eholela kancane, kanti futhi zehlisa izinga labo lokusebenza lokho okwenza bathole iholo elincane. Abasebenzi besifazane abazisebenzayo bangcina sebesebenza amahora amade ukuze bakwazi ukondla imindeni yabo, lokho okwenza babe nesikhathi esincane sokuzinakekela bona kanye nabantwana babo. Abasebenzi basemgwaqweni izikhathi eziningi bahamba nabo abantwana babo uma beyodayisa emadolobheni aphithizelayo. Abasebenzi abasebenza besemakhaya banakekela abantwana babo ngesikhathi besebenza, lokho okubafaka ingcindezi. Abasebenzi abasebenza ezindlini abavela ngaphandle bajwayele ukushiya abantwana babo kumalunga emindeni yabo ngesikhathi beyosebenza kwelinye izwe noma idolobha. Abasebenzi abacosha badayise udoti kudingeka bakhethe phakathi kokuthi bahambe nabo abantwana babo uma beyosebenza ezindaweni lapho kulahlwa khona udoti labesebenza khona noma babashiye bodwa emakhaya. Abasebenzi abaningi abasebenza ezindlini kanye nalabo abenza umsebenzi wokunakekela abantwana bahola kancane ngakho abakwazi ukumelana nezindleko zonakekelo lwabantwana babo.**

**Sifuna ukuthi uhulumeni wezwe kanye nowasekhaya bakuqonde ukuthi abasebenzi besifazane abazisebenzayo badinga unakekelo lwabantwana lomphakathi olusezingeni eliphezulu ukuze bakwazi ukusebenza bahole kakhudlwana. Abantwana babasebenzi abazisebenzayo bafanelwe unakekelo oluhle ukuze bakhule kahle, bafunde, futhi babenempilo. Abasebenzi asebebadala banelungelo lokuthi baphumule ngaphandle kokuthi babenonthwalo wokuthi basebenze futhi banakekele abantwana.**



Sifuna umphakathi onakekela abantwana, abasebenzi kanye nabadala. Bonke abasebenzi kumele bathole uvikelo lomama futhi bakwazi ukuthola izinhlelo zonakekelo lwabantwana ezisezingeni eliphezulu noma yikuphi lapho bethola khona izinhlelo zovikelo lwezenhlalakahle yezwe.

Abasebenzi besifazane abazisebenzayo, izinhlangano zabo kanye nalabo ababalekelelayo banganxusa ohulumeni bezwe nabasekhaya ukuthi bathathe izinyathelo ngokuthi ba:



- **Qinisekise ukuthi unakekelo lwabantwana lubonakala njengengxenye yohlelo lovikelo kwezenhlalakahle yezwe, uma lungakabi khona, ukuthi ke inqubomgomo yohlinzeko lwabo bonke abasebenzi luyathuthukiswa futhi luyenziwa.**

- **Bavumele ukuthi i ILO Convection 201 ye Social Security, ILO Convention 156 yama Workers with Family Responsibilities, kanye ne ILO Convention 183 ye Maternity Protection ibe imigomo efanele yabasebenzi.**

- **Bagcwalisekise izincomo ze ILO Recommendation 202 kwi Social Protection Floors ne ILO Recommendation 204 kwi Transition from the Informal to the Formal Economy ngokuthi bashaye imithetho ezovumelana novikelo lomama kanye nezinhlelo zokunakekelwa kwabantwana ezisezingeni eliphezulu.**

- **Basebenzisane nomasipala kanye nohulumeni ukuthi kunyuswe izimali ezabelwa kunakekelo lwabantwana olusezingeni eliphezulu.**

- **Baqinisekise ukuthi unakekelo olutholakala kwizikhungo zonakekelo lwabantwana ezika hulumeni noma ezalabo abazimele luwumsebenzi omuhle oholela kangcono, nokwazi ukuthi zonke izisebenzi zonakekelo lwabantwana zithole uvikelo lwezenhlalakahle kanye nokuqeqesheka okufanele.**



Uma ufuna ukufaka umbono kulomkhankaso noma ukusitshela ngomsebenzi owenziwa inhlangano yakho mayelana nonakekelo lwabantwana, sicela usithumele imeyili ku childcare@wiego.org

WIEGO Women in Informal Employment Globalizing and Organizing

Women in Informal Employment: Globalizing and Organizing iyinhlangano ehlanganise izinhlangano ezihlukahlukene ebhekene nokuqinisekisa imisebenzi yabantu abampofu, ikakhulu abasebenzi besifazane abazisebenzayo. Uma ufuna eminye imininingwane, sicela uvakashele i webhusayithi ka WIEGO lapho uzothola khona izindatshana ezixoxwa abasebenzi besifazane abazisebenzayo bamazwe ngalokhu abadlule kukho.

http://wiego.org

@wiegoglobal

@WIEGOGLOBAL

